IBhayibheli LaBantwana

Likulethela

UJesu Wondla Abantu Abangu-5000

Ibhalwe ngu: Edward Hughes

Kwabonakala ngu: Janie Forest; Alastair P.

Ifanekiswe ngu: Ruth Klassen

Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala

Ikhiqizwe ngu: Bible for Children

www.M1914.org

©2022 Bible for Children, Inc.
iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.

Abaholi abaningi benkolo (ababizwa ngokuthi amaFarisi) baqamba amanga ngoJesu. Abanye bazama ukumbulala.

Abakholwanga ukuthi Wayeyi Ndodana kaNkulunkuku ngempela. Abazange bamemukele noma wayenza izimangaliso ezazikhomba ukuthi

Ngolunye usuku, UJesu wawela ulwandle lwaseGalile. Mhlawumbe wayefuna ikhefu kancane ezixukwini ezazihlezi zimuzungezile. Kodwa izixuku zashesha zamthola. Babazi ukuthi uJesu wenza izimangaliso. Babefuna ukuba Naye.

UJesu waholelela abafundi bakhe endaweni eyayihlane lapho ayehleli khona, efundisa.
Abantu abaningi bebelokhu beza. Ngokushesha kwase kuyisidlo sakusihlwa. Wonke umuntu kumele ngabe wayeselambile.

UJesu wabuka isixuku. “Sizozithengaphi izinkwa ukuze badle laba?” Wabuza uFiliphu. Zazingekho izitolo zokudla. UJesu wayehlela ukwenzani?



“Kuzobiza izimali ezishisiwe ukondla lesisixuku,” UFiliphu ephendula uJesu. UJesu nabafundi bakhe babengenayo imali eningi.



Omunye wabafundi, u-Andreya (umfowaboka Simoni Petru) wathi kuJesu: “Kunomfayana lapha onezinkwa zebhali ezinhlanu nezinhlanzi ezimbili ezincane, ... ”

"... kodwa ziyini phakathi kwabaningi kangaka?"
U-Andreya akabonanga ukuthi ukudla kwasemini komfana kungaphakela abantu abaningi kangaka - noma ngisho umfana wayezimisele ukunikeza uJesu ukudla kwakhe kwasemini.



UJesu wathi, “Hlalisani abantu phansi.” Ahlala amadoda, umumo wawo kungathi izinkulungwane eziyisihlanu. Hawu! IZINKULUNGWANE EZIYISIHLANU! Lokho kwangungabafaki abasifazane nezingane ezazilapho.



Ngokulandelayo, uJesu wathatha izinkwa nezinhlazi. Kwamele ukuba umfana omncane wayemethemba uJesu. Wayengazi kungani uJesu wayefuna ukudla kwakhe kwasemini, noma uJesu wayezokwenzani ngakho.

Kungenzeka ukuthi wacabanga, “Uma nginikezela ngokudla kwami kwasemini, angikwazi ukudla.” Kodwa wamunikeza uJesu noma kunjalo.

Kwase-ke, uJesu wakhuleka. Wabonga uNkulunkulu. Ebongela izinkwa enzinhlanu nezinhlanzi ezimbili nah? Yebo! UJesu wathi "Ngiyabonga" kuNkulunkulu wamcela ukuba abusise ukudla.

Ngemva kokuthandaza, uJesu wahlephula izinkwa nezinhlanzi wazinika abafundi abahlanganyela nabo phakathi kwesixuku esikhulu. Kulapho abantu babona isimangaliso uJesu asenza. Umuntu ngamunye wadla konke akufunayo. Nokho izinkwa nezinhlanzi akuphelanga.

Ngemva kokuba wonke umuntu esephakelwe, kwakusele izinkwa nezinhlanzi eziningi. "Buthani imvuthuluka ukuze kungamosheki lutho," uJesu etshela abafundi bakhe. Base bagcwalisa iziqabetho eziyishumi nambili imvuthuluka yezinkwa eziyisihlanu zebhali ezashiywa ngabadlileyo.



Ngalolo suku, UJesu wondla abantu abangaphezu kuka-5000 ngesidlo somfana omncane sasemini. Ngesinye isikhathi, wasuthisa abantu abangaphezu kuka-4000 ngezinkwa eziyisikhombisa nezinhlanzi ezimbalwa.



Lapho abantu abavamile bebona lezi zimangaliso, abazange bethukuthele njengabaFarisi. Kunalokho bathi, “Lo ngumProfethi ozakuza ezweni ngempela.” Babazi ukuthi uJesu wayengumSindisi ukuza Kwakhe okwathenjiswa eZwini likaNkulunkulu eliNgcwele.

UJesu Wondla Abantu Abangu-5000

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

Itholakala

Johane 6

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa."
AmaHubo 119:130

Yaphela

Lendaba yeBhayibheli isitshela ngoNkulunkulu wethu uyisimanga owasidala futhi ofuna ukuthi wena wazane Naye.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa, ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. UJesu wase evuka ekufeni wanyukela ezulwini ekhaya lakhe! Uma ukholwelwa kuJesu futhi uma Umcela ukuthi akuthethelele izono zakho, Uzokwenza lokho! Uzoza ezophile ngaphakathi kwakho manje, futhi uzophila Naye kuze kube ingunaphakade.

Uma ukholwa ukuthi iqiniso leli, ithi kuNkulunkulu:
Nkosi Jesu, Ngiyakholwa ukuthi wena unguNkulunkulu, futhi wehla ezulwini waba inyama ukuze ufele izono zami, wavuka ekufeni usuyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni yami ungithethelele izono zami, ukuze ngizokwazi ukuba nempilo entsha, ukuze ngiyokwazi ukuba Nawe kuze kube phakade. Ngisize ukuba ngilalele Wena futhi ngiphilele Wena njengomntwana Wakho. Ameni.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu nsuku zonke! Johane 3:16